# Unobuhle Wezilwane




Le ncwadi yabhalwa okokuqala isiVenda nguHulisani Olga Tshisevhe

Umfanekisi ngulmile Wepener    Umhlobisi nguLouisa Pieters

Yahumushwa isuselwa kweVenda nguHlengiwe Ngcongo


WORLD BANK GROUP

Room to Read®

LIMPOPO FACES

the-most-beautiful-animal_interior.indd 1    2018/10/05 10:15 AM

Idube lalicabanga ukuthi lizedlula zonke izilwane ngobuhle. Nakhu phela laseliwine kuyo yonke imincintiswano yonobuhle bezilwane.




the-most-beautiful-animal_interior.indd 3 2018/10/05 10:15 AM

Ngelinye ilanga unwabu lwathi lufika ehlathini, lwazithela phezu kwedube, libukisa ngobuhle balo. Lalicula:


"Weee-Weee-Weee! Ngiyisilwane – esihle – kunazo – zonke – emhlabeni!"

"Weee-Weee-Weee! Ngiyisilwane – esihle kunazo – zonke – emhlabeni!"






the-most-beautiful-animal_interior.indd 5 2018/10/05 10:15 AM



Lilibele ukuziqhenya nje, alililiboni ibhubesi.


“We dube, uyazi ucasula wonke umuntu la ngale nto oyenzayo. Sekuyisikhathi sokuthi uwubuyise umqhele wokuba unobuhle. Sesizolungiselela omunye umncintiswano wezilwane walo nyaka,” kubhodla inkosi yezilwane, ibhubesi.







the-most-beautiful-animal_interior.indd 6 2018/10/05 10:15 AM



Unwabu nalo lwalucasukile yilokhu kuzikhukhumeza kwedube.

Lwase lucela ukufakwa nalo kulabo abazongenela umncintiswano.

“Izilwane ezinwabuzelayo, emncintiswaneni wonobuhle bezilwane?” kubuza inkosi yezilwane, ibhubesi. “Uyazi...kungenzeka.”





the-most-beautiful-animal_interior.indd 9 2018/10/05 10:15 AM

Idube laphatheka kabi selibona isikhumba sonwabu esinemibala emihle. Labona ukuthi unwabu lungase luwine.

Idube lathi kunwabu, "Ungawungeneli wena lo mncintiswano. Ngeke uwine!"





the-most-beautiful-animal_interior.indd 10 2018/10/05 10:15 AM

Usuku lomncintiswano wonobuhle bezilwane lwafika. Inkosi yezilwane ibhubesi lalizoba yijaji lomncintiswano.






the-most-beautiful-animal_interior.indd 13 2018/10/05 10:16 AM



“Ngokuzithoba, ngicela owayewine ngonyaka odlule, eze phambili,” kusho inkosi yezilwane ibhubesi.

“Manje-ke akuze noma yisiphi isilwane esithanda ukuncintisana nezinye. Kodwa sizoqala ngezinyoni.”





the-most-beautiful-animal_interior.indd 14
2018/10/05 10:16 AM



Kwalandela izilwane ezincelisayo.
Nakuzo idube lazihambela lodwa ngobuhle.





the-most-beautiful-animal_interior.indd 17 2018/10/05 10:16 AM

Lafika-ke ithuba lokuba unwabu nalo luze phambili. Lwathi uma lufika nje, ngokushesha lwashintsha lwaba nemibala emnyama nemhlophe njengedube.







the-most-beautiful-animal_interior.indd 18 2018/10/05 10:16 AM

Unwabu lwasuka lwama eduze komqhele. Lwavele lwaphenduka lwanombala oyigolide.

Unwabu lwasuka lwama eduze kwezimbali. Lwaphenduka lwanombala obomvu nosasibhakabhaka.

Izilwane zachwaza, zalishayela ihlombe unwabu – ngisho idube uqobo!






the-most-beautiful-animal_interior.indd 20
2018/10/05 10:16 AM

“Ophume phambili, unwabu!” kumemeza inkosi yezilwane ibhubesi. Ibhubesi lafaka unwabu umqhele kanobuhle wezilwane.

Ngisho nedube lathi,
“Nwabu, impela ungumanqoba!”





the-most-beautiful-animal_interior.indd 22 2018/10/05 10:16 AM

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*Unobuhle Wezilwane*
The Most Beautiful Animal
Ihunyushwe nguHlengiwe Ngcongo

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0088
ISBN: 978-1-928474-03-6

Ishicilelwe okokuqala iLimpopo Faces.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala isiVenda nguHulisani Olga Tshisevhe.
Umfanekisi nguImile Wepener
Umhlobisi nguLouisa Pieters
Umhleli nguJocelyn Newmarch
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi ezininingi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Limpopo Faces
P.O. Box 5828, Polokwane North, 0750
22 Hyde Park, corner Giraffe and Springbok Street, Fauna Park, 0787, Polokwane, Limpopo, South Africa
Domina Munzhelele | 071 149 6213 | 081 514 2337 | limpopofaces@webmail.co.za | domina@hotmail.co.za

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.